

# FUNA UBUSO BAMI IHUBO 27 : 8

**Uhlelo olwenzekayo lokulinda nokukhuleka ihora elilodwa**

## **1. Funa ubuso bakhe ngokubiza igama le Nkosi (imizuzu emihlanu)**

U Nkulunkulu, umthombo wakho konke ukubambelela, nokukhuthazela (Rom 15:5), Onesihawu nonobubele u Nkulunkulu (Eks.34:6), u El Shaddai (Ongumanelisi wakho konke) (Gen. 17:1), u Yahweh-Jireh (U Nkulunkulu uyabonelela) (Gen.22:14), u Yahweh-Ropheka (u Nkulunkulu okwelaphayo) (Eks. 15:26), u Yahweh-Shalom (u Nkulunkulu opha ukuphumula, i Nkosi ingukuthula) (i Hubo 35:27), I Nkosi yomhlaba wonke (Mika 4:13), u Jesu Kristu indlela, iqiniso, nempilo (Johane 14:6), u Kristu amandla nokuhlakanipha kuka Nkulunkulu (1 Korinte 1:24), I Wundlu phakathi nendawo nesihlalo sobukhosi (Isambulo 7:17), I Wundlu elahlatshwa (Isambulo 5:12), U Kristu ithemba lenkazimulo (Kolose 1:26), u Moya wenkululeko, wokukhanya, wokululekwa, namandla, ulwazi, nokwesaba i Nkosi (Isaya 11:2), U Musa no Kwabelana, ubu Ngcwele, u Thando, i Qiniso, Amandla, uku Zithiba, uku Hlakanipha ne Sambulo solwazi lwakhe, u Moya we Nkazimulo.

## **2. Funa ubuso bakhe ngokukhulekela imvuselelo yakho qobo (5 imizuzu)**

Ngokukhuleka cabanga ngalemibuzo :

- Ngabe zikhona yini izono ezingavunyiwe empilweni yami?
- Ngabe ngifihla ukungaxoleli nobumuncu empilweni yami?
- Ngabe zikhona izinto engizenzayo ezingabazisayo empilweni yami?
- Ngabe ngiyamlalela u Moya Ongcwele ngokushesha ezintweni zonke?
- Ngabe ngiyafakaza ngo Jesu ngokungabi namahloni?

## **3. Funa ubuso bakhe ngemindeni engasindisiwe, abantu ngabodwana nabangane (imizuzu emihlanu)**

1. \_\_\_\_\_ 2. \_\_\_\_\_

3. \_\_\_\_\_ 4. \_\_\_\_\_

5. \_\_\_\_\_

Khulekela insindiso yabo, ukuba u Nkulunkulu ababusise (ngokomoya, ngokwenhlaliswano, ngokokuphatheka) ukhulekele nezidingo zabo ezinqala.

## **4. Funa ubuso bakhe ngokwenkazimulo yakhe ukuba ibonakaliswe ebandleni (imizuzu emihlanu)**

1. \_\_\_\_\_

2. \_\_\_\_\_
3. \_\_\_\_\_
4. \_\_\_\_\_
5. \_\_\_\_\_

**futhi funela ibandla ubuso bakhe (imizuzu emihlanu)**

1. Ukuba ibandla libuyiselwe libe yizindlu zomthandazo zezizwe zonke (Isaya 56:7, Mathewu 21:13)
2. Kulawo mabandla agcwalisayo umyalo omkhulu-ehambisa ivangeli ezizweni zonke (Mathewu 28:18-20)
3. Ukuba amabandla agcwalise umyalo omkhulu-amabandla ephuma nezenzo zothando nozwelo emiphakathini yawo, aqondane nezidingo zabantu (Mathewu 22:37-40)
4. Bakhulekele ibandla elizothembeka e Zwini.
5. Ukuvuselela ubudlelwane namanye amabandla nalokho okuwahlukanisayo ubuqha, umhobholo, njll.

**5. Funa ubuso bakhe ngokwezidingo zakho qobo (imizuzu 5)**

1. \_\_\_\_\_
2. \_\_\_\_\_
3. \_\_\_\_\_
4. \_\_\_\_\_
5. \_\_\_\_\_

**6. Funa ubuso bakhe ngokuqapha nokulalela (imizuzu emihlanu)**

Cela i Nkosi ikwambulele izinto ezintsha, izinto ethanda ukuba uziqaphele uzinakisise. Cela i Nkosi imbule intando yayo namasu namacebo kuwe. Cela i Nkosi iveze izinto ezisenhliziyweni yayo ethanda ukhuleke ngazo. Bhala phansi uhlu lwalezozinto ezishiwo ngu Nkulunkulu kuwe.

**7. Funa ubuso bayo ngokukhuleka i Zwi (imizuzu emihlanu)**

Qala ukukhuleka ngohlelo ngama Hubo. Funda ukhuleke ngamahubo amabili namathathu sonke isikhathi ukhuleka.

**8. Funa ubuso bakhe ngokuqhamuka nokungenelela kwakhe ngalokhu okwenzeka emhlabeni wonke (imizuzu emihlanu)**

1. Umashayabhuge ingculazi ubufebe, impendukezelane ubuqwayizi.
2. Ukwanda kobuphofu nokuhlupheka ukungabibikho kobulungiswa, izenzo ezihlukumezayo.
3. Inkohlakalo kuwo wonke amazanga, izivumelwane ezingena bu Nkulunkulu.
4. Ibandla elizingelwayo ezizweni eziningi.
5. Izimpi, ukuchitheka kwegazi izimpi zobuzwe, ukhulekele nezigidi ngezigidi zababaleki.
6. Ukuhlukunyezwa kwabesifdzane nabantwana nokuhushulwa kwezisu.
7. Ukucwasana ngokobuzwe nenzondo yobuhlanga.
8. Ubuthakathi nokukhonza izithombe.

**9. Funa ubuso bakhe ufunele izizwe (imizuzu emihlanu)**

Bhala phansi izizwe ezinhlanu uzikhulekele

1. \_\_\_\_\_ 2. \_\_\_\_\_ 3. \_\_\_\_\_
4. \_\_\_\_\_ 5. \_\_\_\_\_

1. Ukuba kuthululwe u Moya Ongcwele ebandleni
2. Ukuba kuvuke umsebenzi wokuthunywa emabandleni, kufinyelelwe nakulabo okungakafikwa kubo ne Vangeli (Marku 16:15-19)
3. Ukhulekele abaholi book Moya abavuthiwe nabano Nkulunkulu
4. Ukwanda kwabafundi abazinikele nabazimisele
5. Ukufika kokuthula kuka Nkulunkulu nenkazimulo kwizizwe namazwe, ukuba u Nkulunkulu abusise izizwe futhi aziphulukise.
6. Ukuba amakhosi nohulumeni azithobe phansi kobukhosi buka Jesu njenge Nkosi yamakhosi (Isaya 49:7)

**10. Funa ubuso bakhe wenzele abaholi nabelusi (imizuzu emihlanu)**

1. Abesilisa nabesifazane abesaba u Nkulunkulu, abaneqiniso, abakuzondayo ukuhaha nokuthola inzuzo ngendlela engafanele (Eksodusi 18:21)
2. Abesilisa nabesifazane abazophakamisa izandla ezingcwele zingenalulaka nokungabaza (1 Timothy 2:8)
3. Abelusi nabaholi ngokwenhliziyo ka Nkulunkulu abazophakela abantu baka Nkulunkulu ngolwazi nokuqonda (Jeremiya 3:15)
4. Abaphostoli, abaprofethi, abavangeli, abafundisi nabelusi abagcwele u Moya Ongcwele nesihawu se Nkosi u Jesu ukuhlomisa abangcwele emsebenzini abazokwakha umzimba ka Kristu ukuze u Kristu abe kithi.
5. Abesilisa nabesifazane abazokhuthalela ukuziveza bethembekile ku Nkulunkulu belahlukanisa kahle izwi le Nkosi, bezimisele ukuthwala ubunzima, beyizitsha ezihloniphekayo, ezingcwelisiwe ezinosizo ku Mninizo, zilungiselwe yonke imisebenzi emihle, ukukhuluma

kobuwula nokuphikisana zikugwema, zingavumeli ukulwa, zimmene, zibekezela zizithobile abesilisa nabesifazane abanesu lokufundisa. (2 Thimothi 2:1-22)

### **Futhi Funa ubuso bakhe ngentsha :**

1. Ukuthi lesisizukulwane sentsha sifinyelele kontanga ngevangeli
2. Ukuba abasha babe nobudlelwane obujulile ne Nkosi bayilalele.
3. Kube nabafundi abazimisele bezinikele bephila ngobungcwele.
4. Ukumkhonza u Nkulunkulu ngempela nokumlandela noma ekuholela nakuphi.
5. Izinhliziyo ezinozwela, zokufinyelela nakulabo abawomapayipi besiza nabaswele bengenalutho.

### **11. Funa ubuso bakhe ngokubuyisana kwabantu bakhe naye kanye nabanye abantu (imizuzu emihlanu)**

1. Ukuthi izizwe zizovuma izono zokulimazana, nokucindezelana nokuhlukumezana nanezinye izizwe.
2. Ukubuyisana emazingeni onke (emndenini, ukucindezelwa kwabesifazane nabantwana, nasemasontweni, nezinhlanga namazwe)
3. Ukudiliza izinqaba, izakhiwo nezinhlelo zombusazwe ezidicilela phansi izimpilo zabantu.
4. Ukuba abantu ngabanye, imindeni, izizwe, nezinhlanga ezahlukene zibaxolele labo ababaphatha kabi.
5. Ngezenzo zokubuyisana nokubusisana omunye nomunye.

### **Futhi Bafune ubuso bakhe ukukhulula abantu ebuthakathini nasekukhonzeni izithombe**

1. Ukuba abantu bavume ukuzimbandakanya kwabo ebuthakathini nasekukhonzeni izithombe.
2. Ukuba abantu bamemezele ukuthi u Jesu Kristu kuphela oyi Nkosi, i Ndlela, i Qiniso noku Phila (1 Korinte :12:3; Roma 10:12; John 14:6)
3. Ukuba abantu bamemezele ukuthi u Jesu kuphela umxhumanisi phakathi kwabantu no Nkulunkulu (1 Thimothi 2:5)
4. Ukuba abantu bememezele ukuthi igazi nomnikelo ka Jesu esiphambanweni wanele ukuba sibuyisane no Nkulunkulu (Hebheru 10:19 ; Efesu 2:13)
5. Ukuba abantu bamemezele ukuthi u Nkulunkulu ngo Moya Ongcwele uzokwambula kubantu onkulunkulwana (2 Korinte 6:14-18)

### **12. Funa ubuso bakhe ngamahubo nendumiso (imizuzu emihlanu)**

Fika esiphethweni somkhuleko wakho ngamahubo nendumiso. Mbonge u Nkulunkulu ngobuhle bakhe uthathe isikhathi ubusise abantu abafika emqondweni, egameni le Nkosi u Jesu Kristu.

---

#### **Jericho Walls International Prayer Network**

Private Bag X22, Lynnwood Ridge, 0040, South Africa

Tel +27-365 3213, Fax. +27-365 3214,

Prayer Network: [info@jwipn.com](mailto:info@jwipn.com) / [www.jwipn.com](http://www.jwipn.com)

24/7 Prayer: [info@global24-7.org](mailto:info@global24-7.org) / [www.global24-7.org](http://www.global24-7.org)

**SEEK MY FACE - ZULU**

---